



# INYUZILETHA **YELUNGU**

UHLELO LWESIBILI | JUNE 2026



## UMYALEZO OVELA KUSIKHULU SEZEMISEBENZI

### Lungu Elithandekayo

Usuku lomhla ziye-14 Juni wusuku lokubungazwa konyaka wama-37 wesiKhwama. Ngokuziqhenya sibuka uhambo lwethu esiluhambe ndawonye kanye nenhloso eqhubeka nokuba yisiqondiso sethu. Lo mbhalo oshicilelelwe wosuku lokuzalwa awugcini ngokuba wumbungazo weminyaka edlulile, uwumnikelo wokwazisa ukubambisana okumile phakathi kwesiKhwama kanye namaLungu esiwahlinzekelayo.

Sekuphele iminyaka engama-37 isiKhwama silokhu sizinikele ekuvikeleni nasekwesekeleni abasebenzi basezimayini nemindeni yabo, ngokuholwa izimiso zethu zenhlonipho, ukuhlonipha isithunzi kanye nomlando, kanye nokuholwa umoya woBuntu. Le migomo iyaqhubeka nokubumba indlela esisebenza, esibonisana nesakha ngayo ikusasa elivikelekile lamalungu ethu.

Umthwalo wethu wukuma nawe kwezezimali, siqinisekise ukuthi imizamo yakho yanamuhla izala ukuhlinzekeleka kwesikhathi eside ngomuso. Yingakho siqhubeka nokuphokophela ekuqiniseni ukukwesekela kanye nemisebenzi esikuhlinzeka ngayo.

Ngokuhambisana nezimpokophelo zethu ezingokweqhingasu, isiKhwama siyakhula. Uzoqala ubone futhi uxhumane namalungu ethimba amasha asebenzisana nathi ukuze sithuthukise indlela esikuhlinzekela ngayo. Labo zakwethu bazoba nomthwalo wokuqhuba Izifundo Ezizolethelwa Amalungu (amaMember Education Roadshow) kanye neMihlangano Yokweluleka Ngomhlalaphansi, baqinisekise ukuthi uthola izeluleko nokwesekelwa okudingayo lapho ukudinga.

Okusemqoka esigxile kukho wukunciphisa inani lokungafakwa kwezicelo zezinzuzo. Ukungafakwa kwesicelo senzuzo ngasinye kumele ithuba eleqekile lokwesekela ilungu noma abathandiweyo

balo. Ngakho-ke, siphezu kwezinhlelo zezifundo zonyaka wezi-2026 ezizoba seMozambique, eLesotho, naKwaZulu-Natali. Uma uhlala kulezi zindawo futhi kunomuntu omaziyo owashiya isiKhwama wangasifaka isicelo sezinzuzo, hlala ugade imiyalezo ezolandela equkethe amalanga kanye nezindawo ezizohanjelwa.

Siyaqhubeka nokuqhamuka nezindlela zokwenza kube lula ukuba ufinyelele kithi. Ngikukhuthaza ukuba ufunde leli phephandaba langaphakathi ukuze uthole ulwazi ngezindlela ezinhlobonhlobo zokuxhumana nesiKhwama, kubalwa nenkundla Yokuzisiza kuWhatsApp. Lezi zinkundla zakhelwe ukuze kube lula ukuxhumana nathi ngqo, uthole ulwazi nosizo.

Ngithanda ukugcizelela ukubaluleka kokuhambela Izifundo Ezizolethelwa Amalungu kanye neziNhlelo Zokweluleka Ngezomhlalaphansi. Lezi zinkundla azizukuba ngezokuphaka ulwazi kuphela, zizoba namathuba okuba ubuze imibuzo, ucaciseleke ngezinzuzo, futhi ukwazi ukuthatha izinqumo unolwazi maqondana nengomuso lakho kwezezimali. Singekugcizelele ngokwanele ukubaluleka kokuthola ulwazi.

Njengoba sibungaza unyaka wokuzalwa wama-37, isiKhwama sethule umncintiswano wosuku lokuzalwa ngomhla lu-1 kuJuni ezinkundleni zokuxhumana zethu. Umncintiswano uzoqhubeka kuyo yonke inyanga kaJuni, futhi simema amalungu ukuba ahlanganyele nathi kulo mbungazo. Hlala ugade eminye imininingwane endabeni elandelayo kulolu shicilelo.

Njengoba sesifike kuleli banga elibalulekile, siqinisekisa ukuzinikela kwethu ekuhlinzekeni nasekukwesekeleni ngenhlonipho, ngokuhlonipha isithunzi kanye nangokunakekela. Siyabonga ngokuba yingxenywe yendaba yethu nokusivumela ukuba siluhambe nawe lolu hambe eminyakeni engama-37 edlule. Sindawonye, siyaqhubeka nokwakha umlando ozoqhubeka nasezizukulwaneni ezizayo.

Ozithobayo

**Muziwandile Ndlovu**

Isikhulu Sezemisebenzi



# BUNGAZA IMINYAKA ENGAMA-37 NGOMNCINTISWANO WOKUHLOLA ULWAZI WOSUKU LOKUZALWA LWE-MWPF!

Kulo Juni, sibungaza iminyaka engama-37 yokuhlinzekela amalungu nemindeni yawo, futhi sifuna ube yingxenye yombungazo.

Sinika amalungu ithuba lokuhlola ulwazi lwawo ngesiKhwama, ubonisane nesiKhwama nge-inthanethi futhi uzibeke ethubeni lokuhlomula imiklomelo ejabulisayo.

Njalo ngoMsombuluko nangoLwesithathu, imibuzo yokuhlola ulwazi izosakazwa emakhasini akuFacebook naku-Instagram esiKhwama asemthethweni. Ababambiqhaza banesikhathi esiphela njalo ngoLwesine ngohora le-13h00 sokuthumela izimpendulo zabo. Abanqobi bangamaviki onke bazomenyezelwa njalo ngoLwesihlanu ngehora le-14h00 kuJuni wonke.

Ukuthola izimpendulo, kuzodingeka ukuba ababambiqhaza bangene kuwebhusayithi ye-MWPF kanye nezinkundla zemithombo yokuxhumana ezisemthethweni.

Ukuthumela imininingwane yokungenela yakho kulula, kodwa khumbula, izimpendulo kumele zithunyelwe ebhokisini lemiyalezo (i-inbox) noma ngomyalezo othunyelwa ngqo (i-direct message) kuFacebook noma ku-Instagram kuphela. Imininingwane yokungenela ethunyelwe phakathi kwezimvo noma kokuphawula angeke yamukelwe.

Kuzokhethwa abanqobi abasenhlanhleni abathumele impendulo enembayo abangeqe kwababili masonto onke, oyedwa ongenele kuFacebook kanye noyedwa ongenele ku-Instagram. Umnqobi weviki ngalinye uzothola ivawusha yegrosa yenani le-R3 000.

## INDLELA YOKUFANELEKA

### Ukuze ubambe iqhaza, kufanele:

1

Ube yilungu le-MWPF eliseNingizimu Afrika

2

Ulandele amakhasi emithombo yokuxhumana asemthethweni e-MWPF

3

Uphendule yonke imibuzo yokuhlola ulwazi ngezimpendulo ezinembayo

4

Uthumele izimpendulo zakho ebhokisini lemiyalezo (i-inbox)/ ngomyalezo othunyelwa ngqo (i-direct message) kuFacebook noma ku-Instagram

5

Uthumele izimpendulo zakho ngaphambi komnqamula-juqu weviki - njalo ngoLwesine ngehora le-13h00

Qaphela ukuthi imininingwane yokungenelela engagcwaliswe ngokufanele, equkethe impendulo egejile, efakwe ngokuphindiwe noma ethunyelwe emuva kwesikhathi ingase ingamukelwa emncintiswaneni.

Ngokubamba iqhaza, abangenele umncintiswano bayavuma ukuba amagama abo kanye/noma izibizo zabo zakumithombo yokuxhumana ingase imenyezelwe ezinkundleni zemithombo yokuxhumana ze-MWPF uma kwenzeka bekhethwa njengabanqobile.

Ngakho, landela amakhasi ethu, uhlole ulwazi lwakho lwe-MWPF bese uhlanganyele nathi sibungaze iminyaka engama-37 yenhlonipho, ukuhlonishwa kwesithunzi kanye nomlando, kuholwa umoya woBuntu.

# FINYELELA OHLELWENI LWETHU LOKUZISIZA NGEWHATSAPP – NOMA KUNINI FUTHI NOMA UKUPHI

Sisanda kwethula inkundla yokuzisiza kuWhatsApp. Kule nkundla esebenziseka kalula ukwazi ukulungisa iminingwane yakho yesikhwama futhi ukwazi ukuthola ulwazi olubalulekile ngaleso sikhathi ngqo, ngeselula yakho ngqo.

## Nakhu ongakwenza eNkundleni Yokuzisiza kuWhatsApp:

- 1 Bona Imali Onayo EsiKhwameni (Intengo Yangaleso Sikhathi Ngqo)
- 2 Bona futhi Ubuyekeze Imininingwane Yasebhangwe Yohlelo Lomhlalaphansi Olumbaxambili (iTwo-Pot Retirement System)
- 3 Bona Zonke Izinzuzo Ezihlinzekwe yisiKhwama
- 4 Bona Imali Esole Kweyongiwe Eqondene Nohlelo Lomhlalaphansi Olumbaxambili (iTwo-Pot Retirement System)
- 5 Bona futhi Ubuyekeze Inombolo Yentela Yohlelo Lomhlalaphansi Olumbaxambili (iTwo-Pot Retirement System)
- 6 Khipha Yakho Yenzuzo Yokonga Yohlelo Lomhlalaphansi Olumbaxambili (iTwo-Pot Retirement System)

## Indlela ongaqala ngayo:



Londoloza inombolo  
yethu yeWhatsApp ethi  
**071 887 6515**



Phatha **inombolo**  
**kaMazisi/yePhasiphothi** kanye  
**neNombolo yaseMbonini**



Thayipha igama elithi  
"Hi" kuWhatsApp  
ukuze uqale

## Awuyitholanga i-OTP?

### Nasi isizathu:

Lapho ufaka isicelo sokukhokhelwa Imali Oyonge Ohlelweni Lomhlalaphansi Olumbaxambili (iTwo-Pot Savings), uzothola Iphasiwedi Esebenza Kanye (i-OTP) okuyindlela eyengeziwe yezokuvikela ubugebengu ngaphambi kokuba kukhokhwe. Le OTP ithunyelwa enombolweni yakho ebhalisiwe kanye nebuyekeziwe.

Uma ungayitholi i-OTP yakho, kungenzeka ukuthi imininingwane yakho yindala noma ayibhalekile ngokuyikho ohlelweni lwethu. Kusemqoka ukuba uhlale uyibuyekeza imininingwane yokuxhumana nawe ukuze ukwazi ukuthola i-OTP yakho ngaphandle kokubambezela.

Uma imininingwane yokuxhumana nawe ishintshile, sicela uyibuyekeze ngokuphazima kweso ngokuxhumana nathi nge-imeyli ([ku-clientservices@mineworkers.co.za](mailto:ku-clientservices@mineworkers.co.za)), ngocingo (ku-010 100 3000), ku-MWPF App noma ngokuya esikhungweni sethu i-Walk-In Centre esiseduze.

# Hlala Uxhumene Nathi Ezinkundleni Zethu

EMineworkers Provident Fund, silawulwa uBuntu "Umuntu umuntu ngabantu." Kithi lokhu kusho ukuthi ngokukuhlinzekela ngezinkundla zokuthola izinhlelo zamakhasimende ezinhlobonhlobo, ngendlela yezobuchwepheshe kanye nokufinyelela kithi siqu, kanjalo nokuqinisekisa ukuthi uthola ukusekelwa ongakwethemba, okukulungele, noma ngabe ukuphi.

Ungaxhumana nathi ngokukhetha kwezinye zezindlela ezilandelayo ngokwalezo ezikulungele kakhulu.

## Izinkundla Zethu Zezobuchwepheshe



**Inkundla Yokuzisiza YeWhatsApp:** Londoloza inombolo ethi 071 887 6515 bese uthumele umyalezo othi "Hi" ukuze uqale.



**I-MWPF App:** Phatha izinzuzo zakho futhi uhlala wazi ngokuqhubekayo ngokudawuniloda i-App yethu kuGoogle Play Store.



**Iwebhusayithi:** Ungathola lonke ulwazi oluqondene nesiKhwama ku-[www.mwpf.co.za](http://www.mwpf.co.za).



**KuFacebook:** Ungathola lonke ulwazi lwakamuva ngesiKhwama ekhasini lethu lakuFacebook leMineworkers Provident Fund



**Ku-Instagram:** Ungathola lonke ulwazi lwakamuva lwesiKhwama ekhasini lethu laku-Instagram ku-mineworkers\_provident\_fund.



**Umyango Wemisebenzi Yamaklayenti:** Ungathola usizo ngezicelo zakho, imibuzo, ukubuyekezwa kwemininingwane yokuxhumana, kanye nanoma uluphi ulwazi oluqondene nesiKhwama [ku-clientservices@mineworkers.co.za](mailto:ku-clientservices@mineworkers.co.za) no-010 100 3000.

## Amahhovisi Emisebenzi Yezinzuzo Zabasebenzi

**Sinamahhovisi emisebenzi asezimayini ezihlukene ukuze usizakale emsebenzini, okwenza kube lula ukuba uthola usizo ngaphandle kokuhamba ibanga elide.**

1. **EHarmony Gold Mine:** ECentral Services, Doornkop, Great Naligwa naseKusasa lethu
2. **ENortham Platinum:** EZondereinde, Driefontein nase-Ezulwini
3. **ESibanye-Stillwater:** EBeatrix
4. **EVillage Main Reef:** EKopanang

## Izikhungo Okufinyeleleka Kuzo Ngezinyawo

Amalungu akhetha ukuthola usizo ngqo, angaya Ezikhungweni Okufinyeleleka Kuzo Ngezinyawo ethu ukuze asizakale ngezicelo, imibuzo, ukubuyekeza imininingwane yokuxhumana, kanye nanoma luphi ulwazi oluqondene nesiKhwama ongase uludinge.

- 1 EGoli:** ku-26 Ameshoff Street, eBraamfontein, eGoli
- 2 ECarletonville:** Ku-No.2 Office Park, Uys Buys, Cnr Kaolin noRadium Street
- 3 EWitbank:** E-WCMAS Building, Cnr Susanna street no-OR Tambo Street
- 4 EMthatha:** Ku-No.49 Leeds no-Craister Street, Metropolitan Place, eMpumalanga Kapa
- 5 EMozambique:** Ku-En1 Avenida Samora Machel, Enfrente ao Chave de Ouro, Balcao 1


## Izikhulu Zezobudlelwane Namaklayenti

Izikhulu zethu ezibhekene nomsebenzi wokukusekela ngosizo oluqondene nomuntu siqu:

- 1. USithembiso Radebe:** 067 899 7886
- 2. ULerato Mogale:** 083 756 7113
- 3. UNokuthembela Monde:** 073 666 2656
- 4. USiyasanga Ngqongqwana:** 071 046 7792

EMineworkers Provident Fund, sizibophezele ekwenzeni izimo ohlangabezana nazo maqondana nathi zibe lula futhi kufinyeleleke kuzo, lapho usebenzisa izinhlelo zezobuchwepheshe noma uzifikele mathupha, sikhona ukukuzisa.





# UKUFUNDISWA KWAMALUNGU KANYE NEZELULEKO ZEZOMHLALA- PHANSI

Ngaphezu kwezinkundla zemisebenzi yam-akhasimende egqanyiswe endabeni edlule, isiKhwama siyaqhubeka nokubeka eqhulwini ukuxhumana ngqo, ngendlela enenzuzo namalungu ngezinhlelo zeMihlangano yokufundisa Amalungu kanye Nemihlangano Yokweluleka Abasebenzi. Lezi zinhlelo zilawulwa Izikhulu Zezobudlelwane Namaklayenti zethu, ezizibophezele ekuqinisekiseni ukuthi uba nolwazi olugcwele futhi wesekelwe esigabeni nesigaba kulolu hambo.

Imihlangano Yokufundisa Amalungu isungulelwe ukuba ikusize uziqonde kangcono izinzu zakho zesiKhwama kanye nendlela yokufinyelela kuzo. Ngesikhathi sale mihlangano, uzothola iziqondiso ngendlela yokufaka isicelo, imibhalo edingekayo, kanye nendlela yokuqinisekisa ukuthi imininingwane yakho ibuyekeziwe. Uzothola nethuba lokubuyekeza amafomu akho abaqokiwe kanye nemininingwane yokuxhumana, futhi phezu kwakho konke, uzokwazi ukubonana ngqo nezikhulu zesiKhwama ezingakusiza ngemibizo eqondene nesiKhwama ezingakusiza ukuphendula imibuzo ongase ube nayo.

Le mihlangano izobanjelwa ezimayini ezihlukene enikuzo futhi zihlelwa yihhovisi lakho le-HR. Sikukhuthaza ukuba ubheke amaphosta

azobekwa emsebenzini wakho, azobhalwa amalanga kanye nezikhathi zemihlangano ezayo. Sikukhuthaza ukuthi okungenanani uhambele umhlangano owodwa, ngoba uzokuhlomisa ngolwazi oludingeka kakhulu ukuze uthathe izinqumo ngezinzuzo zakho unolwazi.

Imihlangano Yokwelulekwa Ngezomhlalaphansi, iphinde igxile ekukusizeni ulungiselele elinye lezinyathelo ezinkulu kakhulu empilweni yakho – umhlalaphansi. Le mihlangano izokucacisela ngalokho ongakukhetha maqondana nomhlalaphansi wakho futhi ikusize ukuhlela ngendlela ehambisana nezidingo zakho zezimali zangomuso. Imihlangano ingabanjwa kubhekenwe ngeziqu zamehlo noma ngocingo, kuncike kulokho okukhethayo.

Ukuze uhlomule kakhulu kule misebenzi, kunconywa ukuba uhlele umhlangano wokwelulekwa ngomhlalaphansi kusanesikhathi eside ngaphambi kokuba uthathe umhlalaphansi. Ukuhlela kusanesikhathi kukunika ithuba lokucabangisisa lokho ongakukhetha futhi uthathe izinqumo ezizosekela ukuze ube nemali ezokugcina isikhathi eside.

Sikukhuthaza ukuba uzitamuzele kula mathuba okuxhumana nesiKhwama. Ukuthola ulwazi namuhla kukusiza ube nekusasa elingcono.

Isitatimende sokuzihlangula: Ulwazi olukule nyuziletha luvikelwe yimithetho yolwazi lobuciko esebenzayo futhi akumelwe ukuba lukopishwe, lusatshalaliswe noma luguqulwe mayelana nezohwebo. Nakuba yonke imizamo yenziwe ukuze kuqinisekise ukuthi lolu lwazi olutholakala lapha lungolwakamuva, aluchemile futhi lushaya khona, lokhu ngeke kwaqinisekiswa. Ukusetshenziswa kwalolu lwazi yinoma yimuphu omunye umuntu kuzoya ngokubona kwalowo muntu futhi luyiqiniso kuphela. Sicela wazi ukuthi uma okuqokethwe kule nyuziletha kushayisana Nemithetho Yesikhwama, kuzolandelwa Imithetho. I-MWPF angeke ithwale icala ngenxa yanoma yikuphi ukulahlekelwa, ukulimala, kanye nezindleko okungenzeka zibe khona ngenxa yanoma yiliphi iphutha noma okunye okungasiwongo lapha ngendlela eqondile noma engaqondile.